**<u>INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATALI UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKWETHULA UHLELO LOMGWAQO U-P281 EMHLUMAYO NGOLWESINE MHLAKA 10 APRIL 2014</u>**

- Inkosi yesizwe sakwa-Sithole;
- AmaKhosi aseNdlunkulu akhona;
- AmaLungu esiShayamthetho;
- IMeya yoMkhandlu waseThukela udadewethu u Dudu Mazibuko;
- IMeya yoMkhandlu waseNdaka uMacingwane;
- Amakhansela;
- Ubuholi bezinhlaka zonke ezikhona emphakathini;
- Imboni yokuthutha umphakathi
- Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha, ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA noZibambele;
- Amalungu ezinhlaka zokuphepha;
- Izisebenzi zemiNyango yonke ekhona;
- Umphakathi wonke.

Ngiyanibingelela.

Siqala ngokubonga nje ukuthi namhlanje sesiphinde sathola leli thuba lokuhlangana nomphakathi walapha eMhlumayo eNdaka sizokuthi egameni lomNyango wezokuThutha noHulumeni waKwaZulu-Natali, siyahalalisa ngentuthuko eqondene nale ndawo ngaphansi kwesiFunda sasoThukela.

Ukuza lapha namhlanje kuhambisana nezinhlelo zokubungaza iminyaka engamashumi amabili enkululeko nentando yabantu kulelizwe. Sizokhumbula phela ukuthi uMongameli wethu uMnuz Jacob Zuma ngenyanga edlule ukhiphe umbiko ochaza kabanzi ngebanga eselihanjiwe kusukela ngo-1994.

Nathi lapha KwaZulu-Natal sibe sesiqala uchungechunge lwezinhlelo zokuya kubantu lapho sibakhumbuza khona ngokubaluleka kwenkululeko nentando yabantu nokumele sikuvikele ngezindlela zonke ezindaweni esihlala kuzona.

Lokhu ikakhulukazi kusho ukuthi amalungelo esinawo ngokoMthethosisekelo kumele ahambisane nezibopho zokuyivikela intando yeningi.

Nokho-ke siyakuqonda ukuthi zikhona phela izinto ezithe ukulibaziseka lapha KwaZulu-Natal njengoba nina njengabavoti nize naqala eminyakeni eyishumi ngo-2004 ukugunyaza lo Hulumeni wabantu ezingeni lesifundazwe ukuze uphuthumise izidingo zenu.

Nakuba silikhalela-ke leliya shumi lokuqala leminyaka, kodwa indlela esenikhombise ngayo ukumethemba lo Hulumeni oholwa nguKhongolose yenza sibe nethemba lokuthi sizoqhubeka futhi siphuthumise izinhlelo zokwenza izimpilo zenu zibe ngcono kule minyaka emihlanu ezayo.

Esikushoyo namhlanje ngukuthi phezu kwazo zonke izingqinamba okungenzeka ukuthi sesike sadlula kuzo, njengabantu baKwaZulu-Natali nathi-ke sinayo indaba enhle esiyixoxayo yokuthi ngempela sesiyindawo engcono kakhulu kunangaphambi kuka-1994.

Phakathi kwezinto esiziqhenya ngazo uma sikhuluma ngeminyaka engu-20 yenkululeko ngaphansi kwalo Hulumeni oholwa yi-ANC ezweni, zimbandakanya:

- Ukwakhelwa kwabantu ikakhulukazi abantulayo izindlu;
- Ukwakhiwa kwemitholampilo;
- Ukwakhiwa kwezikole;
- Ukuhlinzekwa kwemiphakathi ngamanzi ahlanzekile;
- Ukuhlinzekwa ngogesi;
- Ukukwakhiwa kwemigwaqo eyitiyela namabhuloho okuwela imifula.

Ngaphansi kwalo Hulumeni kaKhongolose abantu bakithi abaningi sebehlinzekwe ngemali yesibonelelo ukuze ingabi bikho ingane elala ingadlile.

Ngaphansi kwalo Hulumeni waKwaZulu-Natal, sekube nokwenyuka ngo-80% kwezikole okufundwa kuzo mahhala neziphakela abafundi ababalelwa ku-2.1 million ukudla okunempilo khona ezikoleni.  Isibalo sezikole okufundwa mahhala senyuke safinyelela ku-4 739 ngonyaka odlule ka-2013, ezikoleni zomphakathi ezingu-6009 esifundazweni.

Lolu hlelo luhambisana nokuzibophezela kukaHulumeni ukulwa nendlala nobubha emiphakathini ebonakala intula kakhulu.

Lapha KwaZulu-Natali sikwazile ukwenza ngcono imiphumela ka-Grade 12 isuka ku-57.8% eminyakeni emihlanu edlule yafinyelela ku-77.4% ngonyaka odlule ka-2013.

Ngenxa yakho futhi ukuba yisifundazwe esinakekelayo kanti sinabantu abaningi abampofu, kule minyaka edlule sibone zenyuka izibalo zabahlinzekwa ngemali yesibonelelo.

Njengamanje sikhuluma ngabantu ababalelwa ngaphezulu kuka-3.7 million abathola izibonelelo esifundazweni kanti ngonyaka ka-2000 babebalelwa ku-613 000 nje kuphela.

Odabeni lokuphepha, siyazi ukuthi baningi abantu abasalokhu beba yizisulu zobugebengu. Siyazi futhi ukuthi izigebengu zingagcina seziwubuyisela emuva umsebenzi omuhle esesiwenzile kule minyaka yentando yeningi.

Yingakho-ke ngaphansi komNyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi sesikwazile ukwakha izinhlelo eziningi zokulwa nobugebengu.
Lokhu sikwenza ngaphansi kombimbi lokulwa nobugebengu esithi, i-"United Front Against Crime".

Ngakolunye uhlangothi futhi, uHulumeni walapha KwaZulu-Natal kule minyaka edlule usungule uhlelo lokulekelela imiphakathi ukuba ibhekane nezinselelo ngokuhlanganyela, esilubiza ngokuthi u-*Operation Sukuma Sakhe*.

Ngalolu hlelo sigcizelela ukuthi izinto zidingidwe ezingeni leWadi lapho abantu behlala khona.  Noma ngabe hlobo luni losizo oludingeka kuHulumeni, okungaba okazwelonke, owesifundazwe noma umasipala, indaba iqala khona lapha.

Namhlanje singumNyango wezokuThutha egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal sithe masizokwethula uhlelo lokufakwa kwetiyela emgwaqeni u-P281.  Lo mgwaqo ongamakhilomitha angu-15 ubude sitshale kuwo imali engu-**R155 million**.

Sifisa ukucacisa lapha ukuthi asizile ukuzokwenza izethembiso kodwa sizokwethula umsebenzi isigaba sokuqala, esesivele siphelile.

Njengoba kuqala unyaka wezimali nje ka-2014/2015 sesizowuqala nomsebenzi wokwakha.  Lo msebenzi silindele ukuba uphothulwe ngonyaka ka-2017/2018.

Kuyasijabulisa futhi ukuthi kunamathuba emisebenzi abalelwa ku- **480** azovela kubantu bendawo ngenkathi kuqhubeka umsebenzi wokwakha. Miningi imisebenzi yenqalasizinda esesiyilethile kule District yasoThukela nje singabala kuyo:

- P280 e-Weenen esifake kuwo u-R160 million;
- P263 eMnambithi owakhiwe ngo-R157 million;
- D44 eMnambithi lapho safaka u-R68 million;
- D489 eMtshezi esiwakha ngo-R113 million;
- D1263 Okhahlamba esiwakha ngo-R64 million;
- D69 eMbabazane esifake kuwona u-R60 million;
- Draycott Roads eMababazane ngo-R59 million.

Kwesesiyiphothulile kule minyaka emihlanu edlule singabala:

- Ibhuloho laseSahlumbe esilakhe ngo-R24.5 million – khona lapha eNdaka;
- Msahweni Access Road eMbabazane obize-R7.5 million;
- Thonyelani Pedestrian Bridge eBergville elakhiwe ngo-R5.18 million;
- Nebhuloho laseMnweni khona futhi Okhahlamba elibize u -R10.7 million.
- Isiyonke imali esiyitshalile ukwakha imigwaqo namabhriji kuleminyaka emihlanu edlue ibalelwa ku **R730-million**.
- Kulo nyaka wezimali esesingena kuwona ka-2014/2015, sizotshala u-**R306 million** – sithuthikise imigaqo, sakhe amabhriji, abantu bakithi bathole amathuba emisebenzi.

Sengiphetha, ngithatha leli thuba ukuba ngigcizelele ukuthi njengoba sibheke okhethweni ngoMay, siyaninxusa ukuba niphume ngobuningi benu niyosebenzisa ilungelo lenu nivote kahle.

Sonke masihloniphe umthetho ngesikhathi sokhetho. Akekho umuntu okumele aphoqe noma asabise omunye ukuba aqoke iqembu elithile ngenkani.

Ngakho-ke uma kukhona umuntu oniqhathayo odala ukuba nilwe anokwazi ukuthi lowo muntu yisigilamkhuba okumele nisibike kwabomthetho. Ekugcineni, njengoba sibheke ePhasikeni siyaninxusa mphakathi ukuba nibhukule nibe yingxenye yomkhankaso wokugwema izingozi zomgwaqo ngalesi sikhathi.

Ngalawo mazwi sithi siyanihalalisela nonke mphakathi waseNdaka nasoThukela ngentuthuko esesikhulume ngayo lapha.

Sibonga ukuziphatha kahle kwenu kulo mcimbi omuhle kangaka.

Ngalolusuku ngiyathanda futhi ukuthi sikhumbule amaqhawe namaqhawekazi alwela inkululeko yethu. Ikakhulukazi ngiqhakambisa u Chris Hani, owabulawa ontamo lukhuni mhlaka 10 April 1993. U-Hani wabe enguMkhuzi omkhulu wo-Mkhonto weSizwe, uNobhala Jikelele waMakhomanisi aphinde abe yilungu eliphezulu kwi National Executive Committee ka African National Congress – Umbutho wabantu.

Long Live the Spirit of Chris Hani Long Live!

Ngiyabonga.